# Kwethulwe uhlelo lokufunda nokufundisa

**ABE National Education Collaboration Trust bavakashele indawo yasePinetown ngenhloso yokuthula uhlelo lweMobile Relationship Tool (MRT).**

Lolu hlelo luhambisana nokusetshenziswa kobuchwepheshe ukuthuthukisa indlela yokufunda nokufundisa. Luqalwe ngphansi kohlelo lweNECT ngokubambisana neProgramme, Improve Learning Outcomes (PILO).


Othishanhloko benikezelwa ngolwazi

AbakwaNECT bathekele ngolwazi kothishanhloko bezikole ezahlukene mayelana nokusetshenziswa kwaloluhlelo okuzosiza ekuphatheni zikole abakuzo kuphinde kwenze indlela yokuxhumana ibelula.

AbeMRT bahlose ukuqinisa ubudlelwane phakathi kwesiyingi kanye nothishanhloko bezikole, futhi baphinde basekane ukuthuthukisa indlela yokufunda. Lolu hlelo lokuthekela ngolwazi kothishanhloko lubanjelwe ezikoleni ezahlukene ezihlanganisa iKwaManzini Secondary, George Dale School, George Cato Primary, KwaDinabakubo Secondary kanye nesikhungo iHammersdale Teacher's Centre. Lolu hlelo beluqhutshwa abaphuma kwaNECT okungoThembelihle Charma, uNomusa Nkosi kanye noVusi Zikhali obephuma esifundeni uThungulu.

# Isimangaliso sikamasingcwabisane wabantu

**WAKE wezwa ngomasingcwabisane wabantu okujoyinwa kuwo ngo-R50 kuphela, kodwa uthole imihlomulo ongeke ukholwe ukuthi ubungayithola?**


Abaqondisi bakamasingcwabisane wabantu

Ungathi lokhu okufundayo kufana nenganekwane noma iphupho kanti akunjalo kuyiqiniso lodwa. IGFS Burial Society ephethwe abamnyama yiyona okukhulunywa ngayo, basebenzisana no-Old Mutual.

Abaphathi bayo bathi ulinda kusukela ezinyangeni ezintathu kuyakwezingu-6 ukuze ubeyilungu eliphelele, futhi kwamukelwa ngisho nabantu abaneminyaka engu-100 ubudala. Umzimba bawulanda mahhala kuyo yonke iNingizimu Afrika. Ngokukhokha imali esukela ku-R90 ngenyanga ezinhlakeni zabo ongakhetha kuzo, kukhona ohlomula kulo ukheshi kaR10 000, imali yenkomo ewu-R6000, ibhokisi (casket), nezinkonzo zonke zokungcwaba, ingubo negilosa kaR1500, ekhaya uR600, itende elihambisana nezihlalo ezingu-100, amapuleti nezipuni, izindishi, amabhodwe amane, amatafula amabili, isitovu segesi kodwa umndeni uyazigcwalisela igesi. Ngokusho kwabo ayikho indawo ekude nabo ngoba nangakini bazokusebenzela nje kahle. Kolunye uhla okungolwesibili uthola konke njengoba kubaluliwe ngasenhla ngaphandle kwemali engu-R10 000. Kolunye uhla lwemihlomulo olungolwesithathu uthla imali kuphela, kodwa kuyangohlelo olukhethile. Ukuthola kabanzi ungabavakashela emahhovisi abo e-1001 ebhilidini iCommercial City, emgwaqweni uDr AB Xuma kunombolo 40, eThekwini, noma ubashayele ku-031 3011163/0861111970/0634 553568/0720313818 ngezikhathi zomsebenzi. Njengoba sezihubela sakusha ngamaholidi okuphela konyaka ungakwazi ukulondoloza imali yakho kusukela ku-R100 kuyaku-R500 ngenyanga ngaphansi kweGFS Stokvel uyithole isiyisamba ngoDisemba noma ngoJanuwari uzizuzele inzalo yamaphesenti angu-12.5.

# Bathole izipho koweFunda ukhule


**BEBECHICHIMA** injabulo abafundi bezikole ezahlukene eClermont namaphethelo abasebenzisa uMtapo wolwazi, iQashana Khuzwayo kulandela ukuthola kwabo imiklomelo ebibakhuthaza ngokusebenzisa izincwadi ngaphansi komncintiswano osihloko sithi" "Funda Ukhule". Esithombeni kwesokunxele nguMnuz Sam Makhathini ongumsizi kaMnuz Bongani Hlela umphathi walesi sikhungo

**ABAFUNDI bamabanga aphansi eClermont namaphethelo abasebenzisa umtapo wolwazi, iQashana Khuzwayo edume ngeClermont Library bahambe behleka bodwa ngesikhathi bethola imihlomulo ngokusebenzisa lo mtapo wolwazi.**

Ngokusho kukaMnuz Sam Makhathini obemele isikhulu esiphethe lo mtapo wolwazi, uMnuz Bongani Hlela, uthe lokhu bakwenza njalo ngale nyanga kaNovemba lapho basuke bekhuthaza abafundi bezikole ukuzijwayeza ukusebenzisa izincwadi ezigcinwe kulo mtapo.

Lo mqhudelwano onesiqubulo esithi" Funda Ukhule" ungenelwa abafundi ababoleka izincwadi kusukela kweyodwa kuya kwezinhlanu. " Uma sezibuyiswa bekumele (abafundi) baxoxe ngezindaba abazifundile. Ekupheleni komncintiswano kube sekubalwa izincwadi ezifundwe umfundi ngamunye,"kusho uMnuz Makhathini.

Obashaye emakhanda kube u-Aneliswa Maliwa ofunda eZakhele Primary, yena ofunde izincwadi ezingu- 76 walandelwa, u-Asavana Duma ofunde ezingu- 33 wakhona esikoleni eZakhele. UBalindile Gama ofunda eChistianenburg Primary ulale isithathu ngokufunda izincwadi ezingu- 28.

Okufike kwaphawuleka kulo mqhudelwano ukuthi abazali nothisha baya menywa ukuze babone umsebenzi wezingane zabo. Enkulumeni eyethulwe uNks Bhengu onguthisha waseZakhele osebenzisana kakhulu noMtapo wolwazi weluleke abafundi ngokubaluleka kokufunda.

Ngakolunye uhlangothi abazali bebebonakala bechichima yinjabulo ukubona izingane zabo indlela ezifunda ngayo kulo Mtapo wolwazi.

UMnu Sam Makhathini obemele umphathi woMtapo uMnuz. Hlela ukhuthaze bonke abazali ukuba baqikelele futhi bazimbandakanye nokufunda kwabantwana babo, nokuthi bakhuthaze abantwana basebenzise Umtapo wolwazi ukuze ikusasa labo liqhakaze.

# Uzinikele ekulweni nobugebengu

**UKUZINIKELA nokusebenza ngokuzikhandla emizameni yokwehlisa ubugengu yiyona ndlela ongachaza ngayo uD/Sgt M.C. Cele osebenzela esiteshini samaphoyisa eMariannhill.**


D/Sgt MC Cele

Phakathi kwamacala awasebenzayo wenza uphenyo olunzulu ezehlakalweni zokugqekeza nokubulala. Lokhu kwenzeka ezindlini kanye nasemabhizinisini okuhlanganisa iMpola nase Thornwood.

Phakathi kwamacala awasebenzile abasolwa omunye owesilisa oneminyaka engu-22 ubudala unikezwe isigwebo seminyaka engu-55 esejele.

Omunye uneminyaka engu-36 yena unikezwe udilikajele, wagixabezwa nangeminaka engu-20 ngaphezulu.

Owesithathu naye uneminyaka engu-22 wanikezwa ibhonasi yeminyaka engu-55 azoyidonsa ejele. Okhulumela amaphoyisa eMariannhill, uCapt LM Herold, uthe lokhu kuyizinkomba zokuzinikela okufanele namaphoyisa akwenze ekulweni nobugebengu njengobizo lwawo.







